



MINISTRY
PUBLIC SERVICE AND ADMINISTRATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Inkulumo ka:

Mhlonishwa uNkk. Noxolo Kiviet, oyiLungu lePhalamende
nonguNgqongqoshe Wezokuphathwa Kwezabasebenzi
Bahulumeni

e-

Middelburg ngaphansi koHlelo Lokuhambela Umphakathi eSifundazweni iMpumalanga

Kapa

10 KuNcwaba 2023

UHLA LOKUBINGELELA NGOKWEZIKHUNDLA

1. Ubuholi Besifundazwe
2. Ubuholi Besifunda
3. IMeya Namakhansela
4. Abalingani bethu kwezokuthuthukisa
5. Abaphathi babasebenzi esinabo
6. Bafowethu Nodadewethu

Molweni!

Ngiyathobeka kakhulu namuhla ukuba ngime lapha phambi kwenu kuMasipala Inxuba Yethemba esifundazweni saseMpumalanga Kapa, njengoba sihlalane lapha ngaphansi kohlelo lokuxoxisana nomphakathi. Lokhu kuhlalane kuwubufakazi bokuzibophezela kwethu ekuxoxisaneni nemiphakathi ukuze kubhekwane nezingqinamba ekuhlinzekweni kwezidingongqangi ngokusebenzisa uHlelo Lwesimanje Lokuthuthukisa Izifunda (DDM) kanye nohlelo "Lokuyisa Uhulumeni Kubantu".

Lolu Hlelo Lwesimanje Lokuthuthukisa Izifunda (DDM) lusihlinzeka ngenkundla ebalulekile yokuxhumana ngqo nezakhamuzi kanye nababambiqhaza abanjengani. Lwenze sakwazi ukuqonda izidingo zenu, sezwa izikhalo zenu, kanye nokusebenzisana ukuze sithole izixazululo ezinselelweni enibhekana nazo. Siye sahambela izizinda zezinsiza zikahulumeni, sabonisana, futhi kwezinye izizinda safika singamemezela ukuze siqinisekise ukuthi sibona ubunjalo bendlela umphakathi wethu ohlinzekwa ngayo ngezidingongqangi.

Namuhla, ngifuna ukugqamisa ukubaluleka kwemizamo yethu yokuqinisa uhlelo lwe-DDM kanye nezinhlelo zokubandakanya umphakathi.

Lokhu kuxoxisana kusebenza njengesindlalelo seMbizo kaMengameli ezayo, nehlelelwe ukubanjwa eSifundeni i-Chris Hani ngoNcwaba 11, 2023.

Ngokuholwa nguMongameli u-Cyril Ramaphosa, Imbizo ihlose ukwenza ngcono indlela yokuqonda uHlelo Lwesimanje Lokuthuthukisa Izifunda kanye nokwenza lula ukuhlinzekwa kwabantu ngezidingongqangi.

Kungumsebenzi wethu sonke ukwenza ngcono indlela yokusebenza kanye nokusebenzisana phakathi kweminyango kahulumeni, omasipala, nezinhlangano zomphakathi. Uma sibambisana,

singaqinisekisa ukuthi yonke iminyango ihlome ngokwanele maqondana nokubhekana nezidingo zomphakathi. Ukuze sibhekane kahle nezinsalelo zokuhlinzekwa kwezidingo, kufanele senze ngcono ngokwamandla okusebenza kwahulumeni ukuze sihlizwe ngezinsiza ezifanele. Lokhu kubandakanya ukuphuculwa kwezinhlelo zethu, izinqubo, kanye nemiyalelo yokusebenza, ngokunjalo nokugcina imigomo ye-Batho Pele. Kudingeka ukuba senze kube lula ukusebenza, sihlale ngokuhlola lokho esikwenzayo, siphinde siwagcine ephezulu amazinga okuhlinzeka ngezinsiza.

Ubudlelwano phakathi kweminyango kahulumeni bubalulekile ekugcineni kahle ukusebenzisana emazingeni kahulumeni womathathu. Kufanele siqhubeke nokuphoqelela ubudlelwano obunzulu siphinde siqinisekise ukuxhumana okwenzeka ngendlela efanele. Uhlelo lwama-*warroom* lungaba yindlela esebenza kahle ekufezeni lokhu kusebenzisana.

Ngaphezu kwalokho, kufanele sibhekelele kakhulu inani kanye namandla okusebenza kubasebenzi bahulumeni. Lokhu kuhlenganisa ukuhlinzeka abasebenzi ngamathuluzi afanele, ukuqeqeshwa okuqhubekayo, kanye nesimo sendawo okusebenzekayo kuso. Ngokwenza lokhu, abasebenzi bazokwazi ukuhlinzeka ngezinsiza ngendlela efanele kanye nangempumelelo.

Ukusungula nokuqhamuka nezinto ezintsha kuyinto ebalulekile ekubhekaneni nezinselelo kanye nasekutholeni izixazululo ezifanele. Kufanele sikhuthaze futhi seseke izindlela ezintsha zokuhlinzekwa kwezinsiza.

Masiyithokozele imibono emisha kanye nobuchwepheshe obungasiza buthuthukise izinga kanye nokufinyeleleka ezinsizeni zikahulumeni. Kubalulekile futhi ukuba sikuqede ukuhudulwa kwezinyawo ekubikeni ngokwezinhloko emazingeni aphansi siphinde sihlinzeke ngesabelomali esanele sokuhlinzekwa kwezidingongqangi eziyisisekelo. Kudingeka ukuba siqinisekise ukuthi izinsiza zethu zabiwa ngempumelelo nangendlela efanele ukuze sihlangebazine nezidingo zomphakathi.

Okokugcina, ngifuna ukunqinisekisa ukuthi sizibophezele ekugcineni kahle ukuxhumana zikhathi zonke nomphakathi. Amazwi enu anendaba kithi, futhi silapha ukuze sinilalele. Sizothubeka nokugxila ezindaweni ezihanjelwe ngokohlelo lwe-DDM futhi sibhekane nezinkinga eziphakanyisiwe. Sizonihlinzeka ngezimpendulo, siphinde sabelane nani ngalokho esizobe sesikwenzile.

Ukuphuculwa kokuhlinzekwa kwezinsiza kuyinto ebalulekile ukuze kuqinisekiswa impilo engcono kubo bonke abantu bakithi. Uhlelo lwe-DDM ludlala indima ebalulekile ekuhloleni izinga lokuthunyelwa kwezinsiza kanye nokuxhumana nemiphakathi ukuze kuphuculwe izinsiza.

Kepha-ke, lokhu ngeke sikwenze sisodwa. Sidinga ukuzibophezela kobuholi bomnyango, ukusebenzisana phakathi komnyango neminyango kahulumeni, ukubika zikhathi zonke, ukuhlinzekwa kwezinsiza ezifanele, kanye nabasebenzi bakahulumeni abanamakhono afanele.

Masisebenze ngokubambisana njengabalingani, sibambane njengesifiso sethu sokuhlinzeka ngezinsiza ezisezingeni eliphezulu kuwo wonke amagumbi ezwe. Libalulekile iqhaza enilibambayo nokuseseka ohambweni lwethu lokuzuza ikusasa elingcono.

Bafowethu nodadewethu, zihambeli ezihloniphekile, kanye nabagqugquzeli bezokulingana ngokobulili, ukuxoxisana kwethu kwanamuhla kwenzeka ngemva koSuku Lwabesifazane nalapho siqhubeka khona nokugubha Inyanga Yabesifazane.

Masikhumbule ukuthi ukulingana ngokobulili akulona nje udaba lwabesifazane; lolu wudaba lwamalungelo abantu oludinga ukuba sibambe iqhaza elibonakalayo nokusebenzisana kwabo bonke abantu, kungakhathalekile ubulili babo. Angiphinde futhi ngithathe leli thuba ngihalalisele

kakhulu iqembu leBanyana Banyana ngokuzimisela okumangalisayo emqhudelwaneni walo wakamuva. Ukuzinikela kwabo, ikhono, kanye nomoya wobumbano kulethe ukuziqhenya okukhulu esizweni sakithi.

Siyabonga, futhi sengathi singaqhubeka nokuqinisa ubuhlobo bethu njengoba siqala le ndlela ebalulekile yoguquko kanye nokwenza kahle ekuhlinzekweni kwezidingo.

Ngiyabonga!